Isifundo 12 *uMandulo 11-17

Umprofethi Ongenakuphumula

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku: *JJona 1-4, Jer. 25:5, Hezekeli 14:6, Isamb. 2:5, Luka 9:51-56, Juda 1-25.*

Indimana Yekhanda: **"Bengingayikulihawukela iNineve, umuzi omkhulu, okukuwo abantu abangaphezu kwezinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili abangakwazi ukwahlukanisa isandla sokunene nesokhohlo, kanye nezinkomo eziningi, na?"** *Jona 4:11***.**

Enye yezindaba ezithathekisayo kakhulu eBhayibhelini, ekaJona. Nangu lomprofethi, ubalekela ubizo lukaNkulunkulu. Kwase kuthi kamuva, esecindezelekile ukuthi ashintshe umqondo ngendlela engandile, wakwenza lokho, kodwa wase enzani? Ukhononda ngokuthi labantu athunyelwe ukufakaza kubona baguquka, basinda ekubhujisweni okwakuzobafikela.

Lesi yisibonelo somuntu ongenakho ukuphumula, ongenakho ukuthula—aze akhale athi: "Ngiyakucela Nkulunkulu ukuba uthathe ukuphila kwami manje, ngoba kungcono kimina ukuba ngife kunokuba ngiphile" *(Jona 4:3, NKJV)*.

UJesu uqobo wakhuluma ngendaba kaJona, ethi: "Abantu baseNineve bayovuka nalesizukulwane ekwahlulelweni basilahle ngecala ngoba baguquka ngokushumayela kukaJona; manje kukhona omkhulu kunoJona lapha!" *(Math. 12:41, NKJV)*. Yebo, omkhulu kunoJona! Ukuba kwakungenjalo, wayengeke abe uMsindisi wethu.

Kuleliviki ake sibuke uJona nokuthi singafundani ngesimo sakhe sokungabi nokuphumula nokuthula.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaMandulo 18.*

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 92 2021/06/21 14:51

Uyabaleka

UJona wayengumvangeli onempumelelo emangalisayo. Kusenjalo, wayengumvangeli ongafuni ukuvangela. Noma ngabe wayenzani uJona, uNkulunkulu wathikameza impilo yakhe kakhulu. Kunokuba athwale ijoka likaNkulunkulu emahlombe akhe, azizwele mathupha ukuthi ijoka laKhe lilula *(Math. 11:30)*, uJona ukhetha ukuzifunela okwakhe "ukuphumula," ngokuthi abaleke aye endaweni ephambene naleyo uNkulunkulu ambizela kuyona.

UJona wayecabanga ukuthi uzokutholaphi ukuthula nokuphumula njengoba ebalekela ubizo-nje? Kwamsebenzela kahle kangakanani lokho? Funda uJona 1.

UJona uyasuka uya endaweni ephambene nalapho uNkulunkulu embizela khona. Akaziniki nethuba lokubonisana noNkulunkulu, njengoba kwakwenza abanye abaprofethi abaningi baseBhayibhelini uma bebizelwa ukuba yizithunywa zikaNkulunkulu *(njengaku Eks. 4:13)*.

Kubalulekile ukuthi lokhu akusikho okokuqala uJona ebizelwa ukukhulumela uNkulunkulu, njengoba sibona ku 2 Amakhosi 14:25. Kuleso siwombe kubonakala ukuthi uJona wakwenza lokho ayekuthunyiwe. Kodwa hhayi manje.

Ngoba yini na?

Ulwazi olutholakala emlandweni nolumbiwa phansi luyakhuluma ngesihluku sababusi baseAsiriya ababebusa eMpuma Eseduze yakudala eminyakeni engu 800 ngaphambi kokuzalwa kukaJesu, okuyisikhathi uJona wayesebenza ngaso kwaIsrayeli. Iminyaka elinganiselwa kweyi 75 emva kwalokho, inkosi yaseAsiriya uSenakheribhu wahlasela elakwaJuda. ElakwaIsrayeli neSamariya ayesenqotshiwe vele eminyakeni engamashumi amabili ngaphambili, kanti inkosi uHezekiya wayezihlanganise namakhosi aphikisana neyaseAsiriya.

Manje kwase kuyisikhathi sokuthi amaAsiriya aziphindisele. Umlando weBhayibheli *(2 Amakhosi 18, Isaya 36)*, nemidwebo ezindongeni zesigodlo sikaSenakheribhu eNineve kuyafakaza ngendaba yesihluku okwanqotshwa ngaso iLakhish, elinye lamadolobha kaHezekiya avikelekile emngceleni waseningizimu. Komunye umbhalo, uSenakheribhu uzincoma ngokuthi wathumba iziboshwa ezingu 200 000 emadolobheni angu 46 ahlonyisiwe awacekela phansi. Ngesikhathi inkosi yaseAsiriya inqoba iLakhish, kwabhokodwa amakhulu noma izinkulungwane zeziboshwa; abalandeli abathembekile benkosi uHezekiya bahlinzwa bephila, abasalayo lapho bayiswa eAsiriya ukuyosebenza njengezigqila.

Isizwe saseAsiriya sasinesihluku esibi. UNkulunkulu wayethumela uJona khona lapho kulabo bantu?

Kuyasimangalisa yini ukuthi uJona wayengafuni ukuya lapho?

Ubalekela uNkulunkulu? Wake wakwenza lokho? Uma wake wakwenza, waphumelela kangakanani? Yiziphi izifundo owazifunda kulelo phutha?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 93 2021/06/21 14:51

Ukuphumula Kwezinsuku Ezintathu

Ukubaleka kukaJona kwakuhambisana nezinkinga. “Ukuphumula” kwakhe kwesikhashana kwaphazamiseka ngesikhathi uNkulunkulu engenelela ngesiphepho. UJona wasindiswa nguNkulunkulu engcwabeni lolwandle ngokuthi athumele inhlanzi.

Kodwa, uJona wabona ukuthi wencike kangakanani kuNkulunkulu kuphela uma esephoqelekile ukuthi aphumule izinsuku ezintathu esiswini senhlanzi enkulu. Ngesinye isikhathi sidinga ukulethwa endaweni lapho singenalutho lwasemhlabeni esingancika kulo, ukuze sibone ukuthi uJesu uYena esimndinga ngempela.

Funda: umthandazo kaJona esesiswini senhlanzi *(bheka uJona 2:1-9)***. Yini le ayithandazelayo?**

_____

_____

Yize noma wayelapho ekujuleni, phansi kwesimo esiyingozi kakhulu, uJona emthandazweni wakhe, uthandaza ngendawo engcwele. Uthi: “Ngiyobheka ethempelini laKho elingcwele.”

Kwenzekani la?

Ithempeli liyingqikithi yalomthandazo, futhi lifanele libe yingqikithi yemithandazo jikelele. Kunendawo eyodwa kuphela eTestamenteni eliDala lapho uNkulunkulu wayetholakala khona. Wayesethempelini *(bheka uEks. 15:17, Eks. 25:8)*. Ithempeli iyona ingqikithi yomthandazo nokuxhumana noNkulunkulu.

UJona nokho akakhulumi ngethempeli laseJerusalema. Kunalokho, ukhuluma ngelasezulwini (*Jona 2:7)*. Kulapho ithemba lakhe likhona, ngoba kulapho uNkulunkulu ekhona nalapho kuvela khona ukusindiswa kwakhe.

Ekugcineni, uJona uyalibona leliqiniso elimqoka. Uwuzwile umusa kaNkulunkulu. Usindisiwe. Ngesikhathi inhlanzi enkulu imkhafula, uyazazela ngothando lukaNkulunkulu kuye yena mprofethi obalekayo. Ngokuqinisekile, usefundile ukuthi okuyiyona ndlela ephephile kuphela yanoma yimuphi umuntu okholwayo ukufuna ukwenza intando kaNkulunkulu.

Ngakhoke, manje usenquma ukwenza umsebenzi wakhe, alalele umyalo kaNkulunkulu, ekugcineni ulibangisa eNineve, ekholwa njengoba eqonde kulomuzi okhohlakele kangaka, okungenzeka nokuthi bangamamukeli lomprofethi wokufika ozobatshela ukuthi bayizoni ezinkulu.

Ngesinye isikhathi siyadinga ukushiya konke ukuze sizokwazi ukuzibuka kahle izinto. Nakuba indaba kaJona, owasinda ngendlela emangalisayo esiswini senhlanzi ingavamile, kungakusiza kanjani ukuthi uke umele kude nendawo oyejwayele, uyibuke ngendlela entsha nedingekayo?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 94 2021/06/21 14:51

Wafezeka Umsebenzi

Uma kuqhathaniswa namanye amadolobha kwaIsrayeli, iNineve yidolobha elikhulu. "Kwakungumuzi omkhulu kakhulu, uhambo lwezinsuku ezintathu ngobubanzi" *(Jona 3:3,NKJV)*.

Funda: uJona 3:1-10. Lelidolobha elikhohlakele lasabela kanjani? Singafunda zifundo zini kulendaba njengoba sizama ukufakaza kwabanye abantu?

_____

_____

UJona wehla enyuka emzini ememezela isigijimi sikaNkulunkulu, ethi: "Ezinsukwini ezingamashumi amane, lizochithwa iNineve!" *(Jona 3:4)*. Lomyalezo wawuqonde-ngqo. Yize ukuthi ayinikeziwe imininingwane, kusobala ukuthi umyalezo wawela ezindlebeni ezilalelayo, abantu baseNineve, bonke, bakholwa yisexwayiso sikaJona.

Njengokwesiko lalapho, kwaphuma izwi enkosini yaseNineve elitshengisa ukuguquka. Wonke umuntu—kuhlanganisa nezilwane—kwadingeka azile ukudla, alile (indimana ayisho ukuthi izilwane zilila kanjani). Inkosi yehla esihlalweni sobukhosi yahlala othulini, okuyisifanekiso esibaluleke kakhulu.

Funda: uJona 3:6-9. Qhathanisa noJeremiya 25:5, Hezekeli 14:6, neSambulo 2:5. Inkulumo yenkosi yayiqukethe ziphi izingcezu ezitshengnisa ukuthi iyakwazi okushiwo ukuguquka kwangempela?

_____

_____

Yayimfishane intshumayelo, iqonde-ngqo, kodwa igcwele amaqiniso aphathelene nenguquko yeqiniso. Ngesikhathi eshumayela uJona, uMoya oNgcwele wayesebenza ezinhliziyweni zabantu baseNineve.

Abantu baseNineve babengazazi zonke izindaba zokuhola kukaNkulunkulu njengoba uIsrayeli wayezazi, kodwa noma kunjalo basabela kahle kuYena. Empeleni babethi: "Siziphonsa emseni kaNkulunkulu, hhayi ngemisebenzi yethu! Sethembele ngokuphelele ekulungeni kwaKhe nomusa waKhe."

Ngandlela thile, uJona ozazelayo umusa kaNkulunkulu, ubona ukuthi umusa kaNkulunkulu ufanele abathile kuphela ukuba bangaphumula kuwona.

Kungani ukuguquka kuyinxenye emqoka kangaka empilweni yobuKrestu? Kusho ukuthini ngempela ukuzisola ngezono zethu, kakhulukazi izono esiziphindaphindayo?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 95 2021/06/21 14:51

Umvangeli Othukuthele, Ongenakho Ukuphumula

Ngeshwa, indaba kaJona ayigcini ngesahluko sesithathu.

Funda: Yini inkinga kaJona? Singafunda siphi isifundo ngobuthakathaka besimilo sakhe?

UJona 4 uqala ngentukuthelo kaJona ebhekiswe kuNkulunkulu ngoba umkhankaso wakhe wovangelo wawuphumelele kahle kakhulu. UJona ukhathazeke ngokuthi uzothathwa njengesilima. Sithola uNkulunkulu ezipha isikhathi ekhuluma naye, ebonisana nalomprofethi waKhe oziphethe njengengane eyonakele.

Nabu ubufakazi bokuthi abalandeli bakaNkulunkulu—nabaprofethi imbhala—kungenzeka badinge ukukhula nokunqoba.

"Uma uJona ezwa ngenhloso kaNkulunkulu yokusindisa lomuzi omubi kodwa owathatha isinyathelo sokuzisola ngokuthi wembathe amasaka nomlotha, wayefanele ukuba uyena ojabula kuqala ngenxa yomusa kaNkulunkulu omangalisayo; kodwa esikhundleni, uvumela ingqondo yakhe ukuba igxile ekuthini angase athathwe njengomprofethi wamanga. Ngokufuna ukuvikela isithunzi sakhe, walahlekelwa umbono wegugu lemiphefumulo kulowomuzi okhohlakele."—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, p. 271.

Ukubekezela kukaNkulunkulu ngomprofethi waKhe kuyamangalisa. Ubonakala ezimisele ukusebenzisa uJona, kwathi lapho ebaleka uJona, uNkulunkulu wathumela isiphepho nenhlanzi ukubuyisa lombaleki. Namanje futhi, lapho uJona ebonakala ephuma eceleni, uNkulunkulu ufuna ukubonisana naye nalomqondo wakhe omubi, athi kuye: "Wenza kahle yini ngokuthukuthela?" *(Jona 4:4)*.

Funda: uLuka 9:51-56. Lendaba ithi ayifane kanjani nalokho okwenzeka endabeni kaJona??

"UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa Yiyo angabhubhi kodwa abe nokuphila okuphakade" *(Johane 3:16)* noma njengoba esho uNkulunkulu kuJona 4:11: " Bengingayikulihawukela iNineve, umuzi omkhulu, okukuwo abantu abangaphezu kwezinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili abangakwazi ukwahlukanisa isandla sokunene nesokhohlo, kanye nezinkomo eziningi na? Sifanele ukubonga ukuthi ekugcineni, uNkulunkulu, hhayi thina, ungumehluleli wezinhliziyo nezingqondo, nezisusa.

Singafunda kanjani ukuba nesihe esifana nesikaNkulunkulu ngabanye abantu nokubekezela, noma-ke okungenani, sifunde ukuba yisibuko saleso sihe nokubekezela?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 96 2021/06/21 14:51

Indlela Eya Nxa-Zombili

UJona ubonakala eyinkinga ngaphezu kokuba lusizo. INineve kwakuyindawo eyingozi, kodwa endabeni kaJona abaseNineve ababonakali beyinkinga. Bawuzwa kahle umyalezo, bazisola ngokushesha. UJona, umvangeli, uyena ikhongco elibuthakathaka kulendaba.

Kulendaba, uNkulunkulu ulandela umprofethi ongafuni ukuvangela ngoba uyazi ukuthi uJona udinga loluhambo lwaseNineve ngendlela efanayo nabaseNineva abadinga ngayo ukuzwa isigijimi somvangeli.

Funda: incwadi kaJuda. Singenza kanjani "ukuzigcina othandweni lukaNkulunkulu" *(Juda 21)***. Kusho ukuthini lokho?**

_____

_____

Kulencwadi emfishane yeTestamente eliSha, uJuda usitshela kuJuda 21 ukuthi "asizigcine othandweni lukaNkulunkulu, njengoba sibheke umusa weNkosi yethu uJesu Kristu, ozosiletha ekuphileni okuphakade" *(NIV)*.

Funda: uJuda 20-23. Kuthiwani lapha okufana nendaba kaJona, futhi lokho kusitshelani thina?

_____

_____

UNkulunkulu wabiza uJona ukuba aye eNineve ngoba uJona kubonakala sengathi wayengakaze achithe isikhathi ezindla ngobudlelwane bakhe nabantu baseAsiriya ngaphambi kwalolubizo. Mhlawumbe wayazi ukuthi akabathandi, kodwa wayengazi ukuthi ubazonda kangaka, nezinyathelo ayengazithatha ukuze abagweme noma eselutholile ubizo. UJona wayengazimisele ukuba nomakhelwane waseNineve ezulwini. UJona wayengakafundi ukuthanda njengoba uNkulunkulu ethanda. UNkulunkulu wathuma uJona eNineve ngoba uNkulunkulu uyabathanda abaseNineve, ubafuna embusweni waKhe. Kodwa uNkulunkulu ubiza noJona ngoba uNkulunkulu uyamthanda uJona. Ufuna ukuba uJona akhule, afane naYe njengoba bezosebenzisana. UNkulunkulu ufuna ukuthi uJona athole ukuphumula kwangempela okufika kuphela ngokuba nobudlelwane obusindisayo naYe, nokwenza intando kaNkulunkulu ebandakanya ukufinyelela kwabanye, ubakhombe kulokhu kukholwa esinakho, nethemba esinalo.

Uchitha isikhathi esingakanani usebenzela ukusindiswa kwabanye abantu? Ngokwasenkolweni, lomsebenzi usiholela kanjani ekutheni sithole ukuphumula kweqiniso kuJesu?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 97 2021/06/21 14:51

Ukujula Nomcabango: "Ngomsebenzi ayewuthunyiwe, uJona wayenikwe ukuziphendulela okukhulu; kodwa Lowo owayemthumile wayezoyilonda inceku yaKhe, ayinike impumelelo. Ukuba umprofethi wayelalele ngaphandle kokungabaza, wayezophunyuka ezintweni eziningi ezingemnandi, abusiseke ngokuchichimayo. Nokho, ngesikhathi uJona ephelelwe yithemba, uNkulunkulu akamshiyanga. Ngochungechunge lwezivivinyo nokubonelelwa, kwavuseleleka kumprofethi ukwethemba amandla amakhulu kaNkulunkulu okusindisa."—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, p. 266.

"Izinkulungwane zingafinyeleleka ngendlela elula nethobekile. Izihlakaniphi, labo ababonwa njengabesilisa nabesifazane abanamakhono aphambili, bavame ukuvuseleleka ngamazwi alula alowo othanda uNkulunkulu, okhuluma ngalolo thando ngendlela umuntu wasezweni akhuluma ngayo ngezinto azithokozelayo."—Ellen G. White, *Christ's Object Lessons*, p. 232.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ "Umprofethi kaNkulunkulu" othukuthelele ukuthi abantu uNkulunkulu ayembizele ukufakaza kubona bamukela usindiso? Uzwakala kanjani lomqondo kaJona? Sibona isibonelo esinamandla sikaNkulunkulu ebekezelela abantu baKhe ngisho noma benza izinto eziphambene nokukhanya abanakho!

❷ Indaba kaJona ibonakalisa ukuthi uNkulunkulu akagcini-nje kuphela ngokusindisa abantu abaphume endleleni, kodwa futhi unomdlandla ekuguquleni abalandeli baKhe. Singayithola kanjani "inhliziyo entsha" "nomoya omusha" nakuba sesimazi vele uJesu neqiniso lalesikhathi? Yini umehluko phakathi kokwazi iqiniso nokuguqulwa yilo?

❸ Phinda ufunde incwadi kaJuda futhi. Sithini isigijimi salencwadi esiyingqikithi, futhi kungani leso sigijimi sifanelekile kithina njengebandla lanamhlanje?

❹ Kwenzeka kanjani ukuthi ukusebenzela ukusindiswa kwabanye abantu kusibusise kangaka nathi?

❺ Noma wayenezizathu ezinhle kanjani uJona, noma ayecabanga ukuthi unazo, ngokwala kwakhe ukuya eNineve, uNkulunkulu wamtshengisa ukuthi usephutheni elingakanani. Yimuphi umqondo esingaba nawo ngakwabanye, ongabonakalisa lona leliya phutha likaJona?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 98 2021/06/21 14:51